



Vuk'uzenzele



Niyethulelw uPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlinzeka Ngolwazi (GCIS)

isiZulu/English

UNtulikazi 2015

EZISEMATHENI:

Lindela izikhangoze zezikhala zomsebenziemkhakheniwezemisebenzi kahulumeni ezizovela kubo bonke o-Vuk'uzenzele abazoshicilewa esikhathini esizayo, kusukela ngo-Ncwaba



UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo uchaza ngezinto ezibekweeqhulwini okuzosetshenziswa kuzona imali

Ikhasi 4



Inhlangano ye-IDCifukula abalimi bendawo

Ikhasi 7

Omasipala basebenza ngendlela ethembisayo, futhi nokuhlinzekwa kwezidingongqangi kukhombisa ubungcono obukhulu

Amukelani Chauke

Liyakhula inani lomasipala abalawula izimali zabo ngendlela egculisayo, okuyinto eyenza babe sesimweni esihle sokuhlinzeka imiphakathi ngezidingongqangi.

Esikhathini esifushane esedlule, uMcwanningimabhuku Omkhulu u-Kimi Makwetu ukhipe umbiko onzulu wokucwaningwa kwamabhuku okwenni komasipala kanye nasezikhungweni zomasipala ngonyaka-mali wezi-2013/14.

Umbiko ukhombise ubungcono obukhulu impela kwinani lomasipala, ezifundazweni ezahlukahlukene, abathumela izitativende zabo zezimali.

UMcwanningimabhuku Omkhulu wabika ukuthi inani lomasipala kanye nezikhungo zomasipala ezithole umbiko umuhle wokucwaningwa kwamabhuku likhuphukile lisuka komasipala abangama-30 ngonyaka-mali wezi-2012/2013 lafinyelela komasipala abangama-58 ngowezi-2013/14, okuyinani elibandakanya omasipala abangama-40 (i-14%) komasipala abangama-268, futhi elibandakanya nezikhungo zomasipala eziyi-18 (ama-32%) kwezingama-57.

UMakwetu wathi uhlabeke umxhwele ngomsebenzi omuhle womasipala njengoba bekwazile nokuphucula izimpilo zabantu.

Emva kokuphuthula umsebenzi wokucwaningwa amabhuku, wavakashela omasipala abehlukahlukene abasebenze kahle, eyobahalalisela ngomsebenzi wabo oncomekayo. Ngenkathi elapho, wavakashela nemiklamo yomasipala embadlwana, eyohlola umthelela wemiphumela emihle yokucwaningwa kwamabhuku ekuhlinzekweni kwabantu ngezidingongqangi KwaZulu-Natali, eNtsonalanga Kapa, eMpumalanga, eGauteng kanye naseMpumalanga Kapa.

"Ohambweni lwami lokuyohlola eminye yemiklamo esemqoka, mina nethimba lami besiphezelwa ngabaholi bezopolitiki kanye nabaphathi, abasihlinzeka ngolwazi olunzulu mayelana nokuthi le miklamo ilawulwa kanjani ukule kuhlomule izakhamuzi zendawo."

"Ngahlabeka umxhwele ngomsebenzi omuhle owenziwa yilabomasipala, abanye babo abasemajukujukwini ezwe lethu, ukuhlomulisa kanye nokuphucula izimpilo zabantu emiphakathini yabo," kusho yena.

UMakwetu wengeza ngokuthi labomasipala bakhombisile ukuthi izindlela zokuphatha nokulawula omasipala ngendlela efanelekile zisebenziseka kahle kakhulu ekuphuculeni izimpilo zabantu, futhi washo nokuthi abaholi bezopolitiki kanye nabaphathi sebeqalile ukuhola ngendlela efanelekile futhi eyisibonelo.

YAMUKELWE NGEZANDLA EZIMHLOPHE IMIPHUMELA YOKUCWANINGWA KWAMABHUKU

UNgqongqoshe Wokwengamela Ngokubambisana Nezendabuko, u-Pravin Gordhan, wathi imiphumela yokucwaningwa kwamabhuku engcono kunakuqala ikhombisa kahle

kamhlopho ukuthi uhulumeni ukubeke eqhulwini ukuphathwa kahle komasipala kanye nokuhlinzekwa kwezidingongqangi.

"Lo mbiko ukhombisa ukuthi kuyakhula ukuphathwa kahle komasipala kanye nokulawula kwezimali ngendlela efanelekile."

"Lokhu kuyisisekelo esiqinile sokuhlinzekwa kwezidingongqangi ngendlela efanelekile kanye nokuphendula kwabaphathi ngomsebenzi abawenzayo, okuyinto ehambelana nohlelo 'IweMasibuye Emasiswensi,' kusho yena.

UNgqongqoshe wethula uholelo "IweMasibuye Emasiswensi" ngoMandulo 2014 njengoba uhulumeni ethathe isinqubo sokulandela inqubo yokuqinisekisa ukuthi omasipala bahlinzeka izidingongqangi ngendlela efanelekile, futhi bayakuzwisisa lokho okushiwo ngumphakathi mayelana nezinto eziwukhathazayo.

LENA YIMINYAKA EBONAKA-LISA UBUNGCONO KWINDLELA OKUSETSHENZWA NGAYO

Kulo nyaka obuyekezwayo, bangama-41% omasipala okucutshungulwe amabhuku abo abathole imibiko engenasici, uma kuqhathaniswa nomasipala abangama-40% ngowezi-2012/13.

Umbiko ongenasici uchaza ukuthi konke kuhamba kahle emabhukwini komasipala futhi awekho amaphutha kwimibiko yezezimali; futhi kusho ukuthi bakwazile ukufezekisa imikhawulo yokuhlinzekwa kwezidingongqangi abebethembise ukuthi bazofinyelela kuyona; futhi bakwazile ukuphatha izimali zomphakathi ngokwemithetho ebekiwe.

Umbiko wokucwaningwa kwamabhuku omuhle kepha ohambisana nezinto ezimbawla okumele zilungiswe' uchaza ukuthi umasipala ukwazile ukwethula izitativende zezimali ezingenamaphutha, kodwa uhlulekile ukufinyelela kuyo yonke imikhawulo obuzibekile yona noma uhlulekile ukubeka imikhawulo ecacile okumele ifezekiswe noma uhlulekile ukucacisa ukuthi yimuphi umthetho awusebenzisile ukulawula izimali.

Imiphumela yokucwaningwa kwamabhuku ikhombisa ukuthi kulo nyaka obuyekezwayo bangama-22% omasipala abathole 'umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongemuhle neze, ohambisana nezinto eziningi okumele zilungiswe', uma kuqhathaniswa nomasipala abangama-28% ngowezi-2012/13.

Lokhu kusho omasipala abahlulekile ukukhapha izitativende zezimali ezicacile futhi ezikhombisa ukusetshenziswa kwemali ngendlela eqondile futhi enobuqotho, noma abahlulekile ukulandela nokuthobel a imithetho ephathelene nokuphathwa kwezimali.

Bali-16% omasipala kanye nezikhungo zomasipala ezithole 'umbiko wokucwaningwa

kwamabhuku omubi kakhulu'. Lokhu kusho ukuthi amarekhodi ezimali mabi kakhulu, kangangokuthi uMcwanningimabhuku Omkhulu uhlulekile ukuzwakalisa umbono wakhe ngawo.

IZINDELELA EZIQHUBE NGAYO IZIFUNDAZWE

■ **Mpumalanga Kapa:** UMAsipala Wesifunda i-Sarah Baartman kanye noMasipala Wendawo i-Senqu basebenze kahle njengoba bethole imibiko yokucwaningwa kwamabhuku engenasici, kanti uPhiko Lokuthuthukiswa kweMandela Bay lona liphinde futhi lathola umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongenasici.

■ **Gauteng:** UMKhanduludolobha wase-Ekurhuleni, iMidvaal, iMogale City, i-Brakpan Bus Company, -i-Joburg City Theatres, i-Ekurhuleni Development Company, i-Johannesburg Roads Agency, iLethabong Housing Institute, i-Pharo Park Housing Company kanye ne-Germiston Phase II Housing Company – zonke zithole imibiko yokucwaningwa kwamabhuku engenasici.

Umasipala Wesifunda saseSedibeng, i-Joburg Market kanye ne-Johannesburg Social Housing Company ziyigcinile imibiko yokucwaningwa kwamabhuku engenasici ebeziyithole ngokwedlule.

■ **KwaZulu-Natal:** I-Dannhauser, Emnambithi / Ladysmith, Ezinqoleni, i-ICC Durban, uMasipala Wesifunda Ilembe, Mandeni, Richmond, uMasipala Wesifunda uMgungundlovu, Umzumbe, uMasipala Wesifunda waseZululandt, Ilembe Management Development Enterprise kanye nesikhungo Ugu South Coast Tourism benze kahle (njengoba bethole imibiko yokucwaningwa kwamabhuku engenasici).

■ **Nyakatho Kapa:** Umasipala Wesifunda i-Frances Baard yiwona kuphala owenze kangconywana njengoba uthole umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongenasici, kanti uMasipala Wesifunda i-ZF Mgcawu wona uwugcinile umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongenasici obuwuthole ngokwedlule.

■ **Mpumalanga:** UMAsipala Wesifunda sase-eHlanzeni kanye noMasipala Wendawo i-Steve Tshwete bayigcinile imibiko yokucwaningwa kwamabhulu engenasici abayithole ngokwedlule.

Awukho umasipala noma isikhungo sikamasipala esithole umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongenasici eFreystata, eLimpopo kanye naseNyakatho Ntshonalanga.

Ukuhlonipha u-Nelson Mandela

Sello Hatang

Ngowezi-2009 iSigungu

Esijwayelekile seNhlango Yezizwe samemezela usuku lokuzalwa lukaMdiba, okungumhla ziyi-18 kuNtulikazi, njengoSuku luka-Nelson Mandela Lwamazwe Ngamazwe.

Kusukela lapho, uSuku luka-Mandela, seluwusuku oluyinhlabamkhosi yokuthi abantu baguqule umhlabu abaphila kuwona ube ngcono ngokuthi bakhombisile ukuzinikela kanye nobuholi obabugqquzelwa nguMnu Mandela eminyakeni engama-67 esebeznela umphakathi, futhi kungagcinwa nje kuhela ngokuzinikela ngosuku olulodwa kepha kuqhutshewa nsukuzonke nemiklamo yokuletha uguqoko ezimpilweni za-bantu.

Kahle kahle, lokhu kusho ukuthini kimina nawe? Ukwenza isibonelo nje, ngale nyanga iqembu lamavolontiya

Iqhubeke ekhasini lesi 2

OKUQUKETHWE

I-IDC īzoqhuba ukuthuthukiswa komnotho

Amukelani Chauke

U N g q o n g q o s h e

Wezokuthuthukiswa Komnotho u-Ebrahim Patel usenxuse abantu abanesifiso sokuba ngosomabhizinisi ukuba bawabambenegezandla zombili amathuba okusungula ibhizinisi azovela ngenxa yemali eyizigidigidi zamarandi ezingama-23 ebekwe eceleni ukuze kuhlomule osomabhizinisi abasha.

U Ngqongqoshe Patel wathi le mali, ehlizkwe yiSikhungo Sokuthuthukiswa Kwezimboni (i-IDC), kuhloswe ngayo ukuguqula umnotho futhi kuvulwe namathuba omsebenzi njengoba uhulumeni ezama ukufaka umfutho omkhulu ekuvulweni kwezimboni kueli.

UNgqongqoshe ukusho lokhu esikhathini esifushane esedlule ngenkathi ethula inkulomo yeVoti Lesabelomali somnyango wakhe kwiSigungu Sikazwelone, ePhalamende.

Wathi le mali izolekeleka ekusungulweni kwezimboni futhi izoba negalelo elikhulu emizamweni yokuqedu ukungalingani kanye nobubha.

UNgqongqoshe unxuse abantu abamnyama abanesifiso sokuba ngosozimboni ukuthi benni iziphakamiso eziphathele nemikhakha ekhiqizayo emnothweni wakuleli lapho beengasungula khona izimboni.

"I-IDC ibeke eceleni imali engamarandi ayizigidigidi eziyi-100 esikhathini esiyimi-

nyaka emihlanu, ezosetshenziselwa ukuthuthukisa izimboni."

"Okusha kulokhu futhi okubalulekile ukuthi sibeki eceleni imali engamarandi ayizigidigidi ezingama-23 ezosetshenziselwa ukugqugquzela osozimboni abamnyama."

"Lolu wuhlelo lweminyaka emihlanu okuhloswe ngalo ukusekela lezo zinkampani okungezabantu abamnyama baseNingizimu Afrika futhi ezilawula yibona emkhakheni okhiqizayo emnothweni wakuleli futhi kuhloswe ukubandakanya abantu baseNingizimu Afrika abathe xaxa emnothweni wezwe ukuze badlale indima ebonakalayo," kusho yena.

UNgqongqoshe wathi ngalesi sinqumo sokubeka imali eceleni kuhloswe ukugqugquzela uguquko futhi kuhuthazwe ukukhula komnotho ngokuthi kuxhaswe ngezimali labo bantu okungenzeke babe nekhono kwezebhizinisi futhi kwandiswe isibalo sabantu abanjalo emnothweni wakuleli.

Wathi kuyadingeka ukuthi iNingizimu Afrika ibe nokukhula komnotho osimeme futhi obandakanya umuntu wonke, futhi le mali izonikezwu osozimboni ngaphansi kwemigomo okuzoba lula kubona ukulanisa.

"Ngaphandle nje kosozimboni abamnyama, kunesidingo esikhulu sokubandakanya abantu abamnyama baseNingizimu Afrika abathe xaxa emnothweni wakuleli."

"Kukhona futhi namanye amaqembu okuhloswe ukuthi abhekelelw - abantu abasha kanye nabesifazane - njengoba beengakbandakanywa ngokwanele emisebenzini ekhiqizayo. Ngakho-ke i-IDC izohlinzeka ngesamba semali engamarandi ayizigidigidi eziyiishiyagalolunye iyonke - isamba semali engamarandi ayizigidigidi ezi-4,5 sizokwabelwa abesifazane bese kuthi imali esele eyizigidigidi zamarandi ezi-4,5 yabelwe intsha," kusho yena.

UNgqongqoshe wathi le mali izohlinzeka njengemali ebolekisayo noma amasheya.

IZINDABA EZIMNANDI KUMABHIZINI AMANCANE ASE-MALOKISHINI, IZIPAZA

UNgqongqoshe wathi kulo nyaka-mali iKhomishana Yezokuncintisina izokwenza uphenyo lokuthola ukuthi angaxhaswa

kanjani amabhizinisi amancane emnothweni ohlelekile noma ongahlelekile. Wathi uphenyo luzozama ukuthola izindlela okungafakwa ngayo osomabhizinisi abancane kulo mkhakha onenzunzo.

"IKhomishana Yezokuncintisana izokwethula uphenyo oluphathele nezezimakethe emkhakheni wezokuthengisa, oluzocubungula ukuthi bangafakwa kanjani abantu abamnyama baseNingizimu Afrika abathe xaxa futhi kuhuliswe nesibalo samabhizinisi amancane emkhakheni wezokuthengisa.

"Uphepheno luzocubungula, phakathi kokunye okuningi, izimo eziphathele nokuqasha kwizizinda ezinenxanxathela yezitolo, ukukhula kwamabhizinisi aselokishini, izitolwana ezincane, izipaza, njalo njalo, futhi kuhloswe ukuqinisekisa ukuthi sinomkhakha wezokuthengisa okwaziyo nokuncintisana futhi obandakanya umuntu wonke," kusho yena.

Uthe olunye uphenyo, alumemezelu ngonyaka odlule, oluqondiswe kwimbuni yezempilo luzobamba izigcawu zokulalewa kwezimvo zomphakathi kulo nyaka-mali.

Lolu phenyo Iwasungulwa ngenhoso yokubhekana nezikhalo ezaahlukahlukene mayelana nale mboni, kubandakanya nezindleko zosizo lwezempiro eNingizimu Afrika.

INDELA EZIVULA NGAYO AMATHUBA OMSEBENZI IZINKAMPANI ZASE-AFRIKA

Kulandela ukuhlaselwa kwabokufika, uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho wathi mhla zingama-25 kuNhlab - okuwusuku olwamenyezelwa yiNhlangano Yamazwe Ase-Afrika (i-AU) njengoSuku lwe-Afrika - wabiza ingqungquthela yabatshali-zimali, abasebenzi, abantu abanemiqondo ekhaliphile kanye nezikhulu zikahulumeni ngokumbisana neNyuvesi yase-Witwatersrand kanye ne-IDC.

Le ngqungquthela ibicubungula umthelela wezomnotho wobudlelwano phakathi kweNingizimu Afrika namanye amazwe aleli zwekazi.

UNgqongqoshe wahambela izingxeny ezaahlukahlukene kuleli, ngenhoso yokubalalisa umlayezo wokuthi ukuchuma noku-phumelela kweNingizimu Afrika kuncike

ingenkathi esesikhathini (ama-sanitary towel), okuyisenzo esibonakala singelutho ko-dwa esinamandla okuletha uguquko olukhulu ngoba senza ukuthi amantombazane akwazi ukuya esikoleni nsukuzonke kuze kuphele unyaka.

Ngakho-ke, uhambo lokukhuphukela esiqongweni sentaba i-Kilimanjaro kuzoba wuhambo lokubungaza ukhondolo lukaMadiba ngokweseka imfundu yezingane ezingamantombazane zaseNingizimu Afrika, futhi umsebenzi wethu uzokwahlulelwu kuphela ngempumelelo yethu ekufezekiseni leli phupho lezingane ezingamantombazane, kungakhathalekile ukuthi sifinyelelile yini noma cha esiqongweni sentaba.

Esikhathini sakhe esesemhlabeni, uMnu Mandela ubephila ngokwemigomo emithathu: Zikhulule, ukhulule nabanye futhi usebenzele ukusiza abantu nsukuzonke. Ngenkathi ekhululwa ejele mhla ziyyi-11 Nhlonja 1990 (eminyakeni engama-25 edlule) wathi "ngiyibeka ezandleni zenu iminyaka esele yokuphila kwami".

Uma kubekwa lesi sibonelo esikhulu kangaka sokuzinikela ekusizeni abantu, besingobani nje thina ukuthi singasonga izandla sibukele impilo idlula phambi kwethu ngaphandle kokuthi kubo khona esikwenzayo? Sininikeza inselelo nonke, ukuthi nani nthole eyenu i-Kilimanjaro, kungakhathalekile ukuthi yincane noma yinkulu kangakanani, bese nizibophezelu ukuthi nizokhuphuka nize nifinyelele esiqongweni sayo.

KUVULEKE AMAKHULUKHULU AMATHUBA OMSEBENZI

- U-Andries Motseke osebenzela inkampani eyenza amathawula esikhule kakhulu njengoba manje seyiqashe abasebenzi abangama-81 ngaphezu kwsibalo sangonyaka odlule;
- U-Rachmat Thomas, owesifazane omnyama ongomunye wabanikazi befemu yezicathulo eliphi-ndaphinde kabili inani labasebenzi bayo kule minyaka eyisithupha edlule njengoba manje seyiqashe abasebenzi abangama-300;
- Isikhungo sikagesi welanga, sola, esakhwiengemali engamarandi ayizigidigidi eziyiishiyagalombili esethulwe e-Pofadder eNyakatho Kapa kulindeleka ukuthi sikhiqize ugesi ozophakela okungenani amakhaya ayizi-80 000 noma abasebenzi bakagesi abayizi-400 000, futhi singesinye sezikhungo zikagesi ovuselele kayo ezingama-39 eseziphotphuliwe.

kakhulu kubudlelwane bezomnotho phakathi kwaleli namanye amazwe aleli zwekazi.

Ngonyaka odlule, iNingizimu Afrika yathumela izimpahla ezbalelwu kumarandi ayizigidigidi ezingama-300 emazweni ase-Afrika, okuyinani elikhuphuke ngamarandi ayizigidigidi ezingama-36.

"Inani eliphelele lempahla ephuma emkhakheni wezokukhiqiza, ezezimayini kanye nezolimo lisekele imisibenzi eyizi-244 000 eNingizimu Afrika, futhi kulesi sibalo, imisebenzi eyizi-169 000 isemkhakheni wezokukhiqiza.

"Njengamanje i-Afrika seyibaluleke ngaphezu kweYurophu, iMelika noma i-China ekukhulisweni kwsibalo sempahla yomkhakha wezokukhiqiza ethunyelwa emazweni angaphandle," kusho yena.

esikhundleni sokuba yintaba enkulukazi. Lona ngumcabango onginike amandla nofuqufuqu loquzhube nohambo, futhi ekupheleli kosuku, ukufinyelela noma ukungafinyeleli kwami esiqongweni sentaba akubalulekanga kakhulu uma kuqhathaniswa nomsebenzi wangempela osihlalele.

Inhlangano i-Nelson Mandela Foundation seiyilonze izinsika ezine okuzosetshenziselwa phezu kwazo ngoSuku luka-Nelson Mandela Lwamazwe Ngamazwe.

- **Imfundu kanye namakhono okufunda nokubhala** - ngoba kudingeka ukuthi sinikeze intsha ithuba lokuzitholela impumelelo.
- **Ukutholakala kokudla okwanele** - ngoba kunezingane eziningi eziya esikoleni ngenxa nje yokudla ezikuthola lapho futhi iyaqhube kainga yokuba khona kwemindenji eminingi elala ingadlike.
- **Indawo yokufihla ikhanda** - okuyindlela esemqoka kakhulu yokubonelela umphakathi wethu.
- **Ukuvolontiya** - ngoba kwesinye isikhathini ukunikela ngesikhathini sakho kubaluleke ngaphezu kokunikela ngemali.

Sikholelwu ukuthi bonke abantu kumele bathole ukudla okwanele, okuphephile futhi okunomsoco, futhi usizo olunjengokuhlinzeka kwakwamaphasela okudla, izivande noma izinhlelo zokuphakelwa kwabantu kungalekela ekuqedweni kwendlala emhlabeni.

Siyazi futhi ukuthi imfundu kanye namakhono okufunda nokubhala, okuyizinto ebezisenzihlyiweni kaMadiba, nakho kusemqoka kakhulu ekuguqulen lo mhlaba esiphila kuwona.

Siyazi ukuthi akukho ukuphoxeka nokuphelelwu yisithunzi okulingana nokungabi nayo

indawo yokufihla ikhanda, ngakho-ke uma sikhwazi ukukhuthaza abantu ukuthi bahlangane bakhe amakhaya, imiphakathi kanye nengomuso, lokho kuyosho ukuthi sisebenzela ukuletha uguquko olubonakalayo.

Isibonelo sikaMadiba njengenceku esebenzela umphakathi siyinto okumele wonke umuntu azame ukuyilandela ngokuthi azibophezele ukuthi nsukuzonke kakhulu okuhle azokwenzela umphakathi. Akudingekile ukuthi konke esikwenzayo ngoSuku lukaMandela kubeyinto enkulukazi noma into ekhombisa ubuqhawu obukhulu. Sikhuthaza wonke umuntu ukuthi enze lokho okusenhlizyeni yakhe mayelana nokusiza umphakathi. Uma usiya kwisizindalwazi soSuku lukaMandela kuleli kheli: <http://www.mandeladay.com> uzothola imibono ehlukahlukene ethunyelwa ngabantu. Lapha uzothola imisebenzi ehlukahlukene abazibophezele kuyona abantu njengomzamo wokuletha uguquko olunohlonze emiphakathini yabo, kusukela ekudwebeni imifanekiso ezindogeni zezakhiwo zezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni (ama-NGO) ukuze zibukeke ziqhakazile, kuyofinyelela ekwenzeni izivande. Usuku lukaMandela akumele kube wusuku lokusiza abantu abantulayo nje kuhela, kodwa futhi kumele kubo wusuku lwentuthuko esimeme.

Ngakolwami uhlangothi, inhloso ye-Kilimanjaro Executive Challenge, ezoholwa yisiphokopheli saseNingizimu Afrika esingungoti wezokuqwala intaba, uSibusiso Vilane, wukuqoqa imali eyanele ukugcina amantombazane avelaezindawenizasemakhaya kanye nezindawo ezihwemphu ayizi-270 000 esesikoleni. Kuzokwenzwa ka-njani lokhu? Imali ezoqoqwa izosetshenziselwa ukuthenga izinsiza ezidingwa ngamantombazane

ingenkathi esesikhathini (ama-sanitary towel), okuyisenzo esibonakala singelutho ko-dwa esinamandla okuletha uguquko olukhulu ngoba senza ukuthi amantombazane akwazi ukuya esikoleni nsukuzonke kuze kuphele unyaka.

Ngakho-ke, uhambo lokukhuphukela esiqongweni sentaba i-Kilimanjaro kuzoba wuhambo lokubungaza ukhondolo lukaMadiba ngokweseka imfundu yezingane ezingamantombazane zaseNingizimu Afrika, futhi umsebenzi wethu uzokwahlulelwu kuphela ngempumelelo yethu ekufezekiseni leli phupho lezingane ezingamantombazane, kungakhathalekile ukuthi sifinyelelile yini noma cha esiqongweni sentaba.

Esikhathini sakhe esesemhlabeni, uMnu Mandela ubephila ngokwemigomo emithathu: Zikhulule, ukhulule nabanye futhi usebenzele ukusiza abantu nsukuzonke. Ngenkathi ekhululwa ejele mhla ziyyi-11 Nhlonja 1990 (eminyakeni engama-25 edlule) wathi "ngiyibeka ezandleni zenu iminyaka esele yokuphila kwami".

Uma kubekwa lesi sibonelo esikhulu kangaka sokuzinikela ekusizeni abantu, besingobani nje thina ukuthi singasonga izandla sibukele impilo idlula phambi kwethu ngaphandle kokuthi kubo khona esikwenzayo? Sininikeza inselelo nonke, ukuthi nani nthole eyenu i-Kilimanjaro, kungakhathalekile ukuthi yincane noma yinkulu kangakanani, bese nizibophezelu ukuthi nizokhuphuka nize nifinyelele esiqongweni sayo.

*U-Sello Hatang nguMphathi Omkhulu (i-CEO) we-Nelson Mandela Foundation.

EZEMFUNDU

UNgqongqoshe Wezemfundo Eyisisekelo uchaza ngezinto ezibekwe eqhulwini okuzosetshenziswa kuzona imali

Amukelani Chauke

U N g q o n g q o s h e

Wezemfundo Eyisisekelo u-Angie Motshekga uHlelo Lukazwelone Lokuphakelwa Kwabafundi Esikoleni (i-NSNP) – kubandakanya nohlelo lokuthuthwa kwabafundi – luzoqhubeka nokuba yinto ebekwe eqhulwini nguhulumeni njengoba selukwazile ukuphucula izimpilo zabafundi abaphuma emakhaya ahlwempu.

U Ngqongqoshe ukusho lokhu esikhathini esifushane esedlule ngenkathi ethula iVoti Lesabelomali somnyango wakhe ePhalamende, eKapa.

Wathi le nqubomgomu ifaka isandla ekuqiniseki seni ukuthi abafundi bathola imfundu esezeningi eliphezulu kanye nokuphucula isimo sempilo sabafundi.

"Lolu hlelo lokubhekelela abantu abahlwempu, kubandakanya nohlelo lokuthuthwa kwabafundi – olwenzelwe abafundi abahamba ibanga elingamakhilomitha amahlanu noma ngaphezulu besuka emakhaya abo beya esikoleni esiseduze – wuhlelo oseludlale indima enkulu ekuqinisekiseni ukuthi abafundi bethu bayayithola imfundu futhi bayaqhubeka nemfundu yabo baze baphothule," kusho yena.

Kunokukhathazeka okuvezwre wumphakathi mayelana nokuphepha kwabafundi abahamba amabanga amade besuka esikoleni, ikakhulukazi labo okudingeka basale emva kokuphuma kwesikole ukute babuyekeze lokho abakufundile noma babambe iqhaza kwezemidlalo nokunye okuyimisebenzi eyenziwa uma sesiphumile isikole.

UNgqongqoshe wathi izithuthi zabafundi kumele kugezihemba futhi eziqikelelayo

Ukubambisana nenkampani ezimele ngenhlosa yokuphucula izinga lokuphumelala kwabafundi e-KZN

Noluthando Mkhize

I z i n k u l u n g w a n e

n g e z i n k u l u n g w a n e zabafundi baKwaZulu-Natali (e-KZN) abenza isifundo se- Accounting basethuben iokuhlomula emklamweni weminyaka emithathu wokubambisana phakathi koMnyango Wezemfundo wesifundazwe kanye nenkampani ezimele i-Risk and Reward.

I nkampani yakwa-Risk and Reward ihlose ukulekelela umnyango ngokufundisa isifundo se- Accounting esifundazweni sonkan, ngaphandle kokukhokhisa ngisho indibilishi eyodwa nje, ukute kuphuculwe izinga lokuphumelala kwabafundi bakamatikuleni e-KZN ngowezi-2015.

Amanusa akwa-Risk and Reward azofundisa othisha nabafundi bebanga le-12 ezifundeni eziyisikhombisa, ezhilanzwe ngumnyango, eziplinga kakhulu usizo esifundweni se- Accounting.

Izfunda ezizohlinzekwa ngalolu sizo yilezi: Umkhanyakude, Zululand, Uthungulu, Amajuba, Umzinyathi, Sisonke kanye neLembe.

ukuthi abafundi baphephile ngenkathi besem-gwaqeni belibangise emakhaya noma esikoleni.

"Umnyango wami, ngokubambisana noMnyango Wezokuthutha, sewushicile kuSomqulu Kahulumeni inqubomgomu yezokuthuthwa kwabafundi ukute umphakathi uphawule ngayo.

"Sihlose ukuthi le nqubomgomu iphothulwe futhi iqaliswe ukusebenza kulo nyaka wezimali," kusho yena.

Futhi kusenjalo, uNgqongqoshe wathi ucwaningo seluthole ukuthi ukuchukuluzwa nokuqinelwa kwabafundi ngabanye, udlame, izidakamizwa kanye nezinye izinselelo ezi-phathelene nenhlalo yabantu kuyaqhube ka nokuba yinkinga emiphakathini yaseNingizimu Afrika.

Wathi uMnyango Wezemfundo Eyisisekelo, ngokubambisana noMnyango Wezemfundo, usuthuthukise iphakheji eyisisekelo yenhlalakahle yabo bonke abafundi, ebandakanya nokuqaliswa ngendlela enholonze koHlelo Oludidiyelwe Lwezemfundo Esikoleni.

"Sinezinhlelo ezigxile ikakhulukazi kwe-zocansi kanye nokukhulewa, kubandakanya nemikhakha ebekwe eqhulwini ephathelene Nengculazi (i-AIDS) kanye Negciwane lesandulelangculazi (i-HIV), izifo eziyathelwana ngokocansi (ama-STI) kanye nesifo sofuba (i-TB)."

"Uhlelo Iwezenhlakalahle yabafundi bethu kumele luqhubeku nokuqinzelwa izindlela zoku- jabilisa kanye nokuqeda isizungu, kubandakanya nezinhlelo zemidlalo esikoleni kanye nezobuciko namasiko ukute kuqinisekiswe ukuthi abafundi bethu bayaqhubeka nokuqinzelwa ngemfundu eyisisekelo ebandakanya yonke imikhakha ye-mpilo yabo," kusho yena.

ISITIFIKETI ESISHA ESENZELWE UKUBHEKANA NENKINGA YOKUSWELAKALA KWEMISEBENZI

UNgqongqoshe Motshetka wathi umnyango wakhe uhlela ukwethula isitifiketi esisha esizohlinzeka abafundi ngethuba lokuphuma esikoleni ukute kubekwane nenkinga yokushoda kwamakhono kanye nokuntuleka kwamathuba omsebenzi.

"Esinye sezimemezelo ezinkulu engizozenza kulo nyaka kuzoba ngesokwethula kwesitifiketi esisha esizohlinzeka abafundi ngethuba lokuphuma esikoleni."

"Ukuze kubekwane nenkinga yokushoda kwamakhono nokuntuleka kwamathuba omsebenzi ezweni, umnyango uzokwethula umgudu wesibili wokuqeleshwa amakhono noku- undela imisebenzi eyenziwa ngezandla, ngokuthi

Abafundi bazohambela izifundo ngeMigqibelo, futhi othisha bazocijwa ngokuqhubekayo ngowezi-2015, ezinhlelweni ezizobahlinzeka ngolwazi.

Inkampani yakwa-Risk and Reward izothuthukisa izinhlelo eziseqophelweni eliphezulu okuhloswe ngazo ukuphucula ukufundwa kwe-Accounting futhi izosebenzisa nomdlalo wayo odlalelw phezu koqwembe obizwa nge-12-Round Accounting njengengxene yokusebenzisa izindlela zokufundisa zesimanjemanje.

Le nkampani izokwethula futhi nemincintiswano yabafundi, njengomncintiswano we-Future Accountants Initiative Competition ngenhlosa yokulekelela abafundi ukuthi basiqonde kangcono lesi sifundo. Kulo mncintiswano, abafundi bazolingga osomabhizinisi futhi kulindelele ukuthi benze imibiko, futhi bahlanganise amabhuku aphathelene nokusebenza kwebhizinisi labo kwezemizali.

Zonke izifunda eziyisikhombisa zizoncintisana kulo mncintiswano futhi abakwa-Risk and Reward bazobambisana namafemu okugcinwa kwamabhuku ezezimali anjenye-Ngubane and Company, Sizwe Ntsaluba Gobodo, Ubuchule Company kanye ne-Ukukhanya Company.

Akuyona into eyenzeka okukuqala ukuthi le nkampani ezimele ibambisane nezikole zi-kahulumeni. Ngowezi-2013 le nkampani yabe iyengxene yohlelo lokululeka nokulekelela isikole samabanga aphakeme i-Adams College High School e-Durban. Ngosizo lwale nkampani imiphumela yalesi sikole yaba ngcono kakhulu njengoba sakuphuka sisuka kwimphulela yamalengiso emine sakuphukela

kuthuthukiswe isitifiketi esisha esizohlinzeka abafundi ngethuba lokuphuma esikoleni esigaben sokuqala se-NQF (uHlaka Lukazwelone Lweziq Zemfundo), esizohlolulisa ikakhulukazi labo bafundi abahlangabezana nobunzima bokufezekisa izidindo zemfundo yeSitifiketi Sika-zwelone Sebunga Eliphakeme (i-NSC)," kusho yena.

UNgqongqoshe wathi lolu hlelo, olubandakanya amakhono nezifundo zemisebenzi eyenziwa ngezandla ezingama-26, luzokwenza iNingizimu Afrika ilande emgudwini wamazwe amanangi asafufusa.

UMZAMO WOKWENZA ISIFUNDO SOMLANDO SIBE YISIFUNDO ESI- PHOQELEKILE

UNgqongqoshe wathi ngenxa yezigameko ezenze ke esikhathini esifushane esedlule ezizamazamise leli lizwe, kubandakanya nezigameko zakamuva zokuhselwa kwabokufika kanye nokuqelwa phansi kwezichuse, ukufundiswa komlando weNingizimu Afrika sekubonakala njengento esemqoka kakhulu.

abantu abasha nabo bazibandakanyile kulezi zenzo ezimbi, okuyinto eyenza kubo nokuqthazaka ukuthi mhlawumbe abanalо ulwazi olwanele mayelana nomlando waleli lizwe.

UNgqongqoshe Motshetka wathi kusemqoka kakhulu ukuthi abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abantu abasha, babe nolwazi lokuthi bavelaphi ukute bakwazi ukuphukufika iNingizimu Afrika iye phambili.

"Imibiko yabezindaba ikuvezile ukuthi iningi labo abazibandakanyile ekuphangweni kwezito nezenzo zodlame kanye nokuqelwa phansi kwempahlha ngabantu abasha. Kumele sihlinzeke intsha yethu ngolwazi oluqondile futhi oluyi-qiniso mayelana nomlando wethu ukute bakwazi ukuthatha izinqumo mayelana nengomuso labo sebenalo lonke ulwazi abaludingayo."

"Ngokulandela izincomo zeThimba LikaNgqongqoshe Elijutshe Umsebenzi Wokucubungula i-NSC, kuzokwenziwa olunye ucwaningo ukute kutholakale ukuthi yiziphi izindlela ezifanelekile ezingasetshenziswa ukwenza isifundo soMlando sibe yisifundo esiphoqelekile kubo bonke abafundi bebangla le-10 kuya kwele-12. Ukuze kufezekiswe lokhu, uNgqongqoshe uzosungula ithimba elizokwenza ucwaningo mayelana nengqikithe yowlazi lom- lando oluzofundiswa kanye nenqubo efanelekile ezolandelwa ngenkathi kuqalisa lokhu, futhi kuzobanjwa nezingxoxo zokubonisana nabo bonke abathintekayo," kusho yena.

UHLELO LWE-ANA SELWELULIWE LWAFINYELELA NAKUBAFUNDI BE-BANGA LESI-7 KANYE NELESI-8

Futhi kusenjalo, uNgqongqoshe wathi uzochazela iPhalamende ngenqubekelaphambili eseye-niwe mayelana nokuqaliswa koHlelo Lokuhlola Konyaka Lukazwelone (i-ANA).

Wathi uhlelo Iwe-ANA selubonakalise ukuba yithulizi elinosizo olukhulu ekuhlonzeni izinse-le eziphatelene nekhono lokufunda nokubhala.

"Kusukela manje kuze kufike owezi-2019 kuzogxilwa ekusetshenzisweni kwe-ANA ukugqugquzelu nokuqthazaza ukusebenza kahle kwabafundi ekilasini kanye nokuphume-lala kwabafundi kuzo zonke izigaba, kungacini nje kuphela ngabafundi beBangla lesi-3, 6 kanye nelesi-9. Uguquko olukhulu oluzokwenza kuhonyaka wezezimali kuzoba ukubandakanywa weBangla lesi-7 kanye nelesi-8 ohlelweni Iwe-ANA.

"Isibalo sabafundi abazobamba iqhaza ohlelweni Iwe-ANA sizokhuphuka sisuka esibalweni samanje esingabafundi abayizigidi eziyisikhombisa sifinyelele kubafundi ababalelw kwizigidi eziyisishiyagalolunye," kusho yena.

OKUFZEKISIWE KUZE KUBE MANJE

- Kunezikole ezingaphezu kwe-107 ezakhwi noma ezelungiswe kabusha ezweni lonkana ngaphansi koHlelo Lokusheshiswa Komsebenzi Wokwakhiwa Kwengqalasinda Yezikole (i-ASIDI).
- Izinga lokuphumelala kwabafundi bakamatikuletheni (iBangla le-12) likuh-phukile lisuka kuma-75, 8% lafinyelela kuma-77, 1% emva kokuhlolwa kokuchibiyela kowezi-2014.
- Umkhankaso Wokufundisa Abantu Abanigi Ukufunda Nokubhala i-Kha Ri Gude uzothola isabelo esincishiwi esingamarandi ayizigidi eziyizi-439 584 ngowezi-2015/16. Lo mkhankaso ususize abantu bethu abevile kwizigidi ezi-3, 5.
- Njengengxene yoHlelo Olunwetsiwe Lwemisebenzi Yomphakathi (i-EPWP) i-Kha Ri Gude yabelve imali engamrandi ayizigidi ezingama-65.099. Lokuh kuzoba negalelo elikhulu ekuvulweni kwamathuba omsebenzi njengoba kuzoholela ekutheni kuqashwe futhi kuqeqeshwe amavolontiya e-Kha Ri Gude.



Abafundi esifundazweni saKwaZulu-Natali bazobamba iqhaza ezinhlelweni ezizobalekelela ukuthi baphucule imiphumela yabo esifundweni se- Accounting.

kwimiphumela yamalengiso engama-44.

UThabani Zulu, ongumthuthukisi wemikhiquizo enkamanini yakwa-Risk and Reward wathi ubeka inselelo eqondiswe emphakathini wabamabhizinisi ukuthi banikele ngesikhathi sabo ekuphuculeni izinga lezemfundo eweni.

Le nkampani ihlinzeka ngezinsizakalo zokwelleka kunoma iliphi ibhizinisi ngokusebenzisa abeluleki abangongoti kwezebhizinisi, ukuphathwa kwezimali, ezabasebenzi, ukulawulwa nokuphathwa kwemisebenzi yenkompani, izixa-zululo zobuchwepheshe bolwazi (i-IT), kanye nokukhangisa kwemikhiquizo nezinsizakalo ezihlinzekwa yinkompani.

UNgqongqoshe Wezemfundo wase-KZN uNeliswa Nkonyeni wathi unethemba lokuthi lolu hlelo luzogqugquzelu futhi lukhuthaze nezinye izinkompani ezizimele ukuthi zilandele ezinyathelweni zenkompani yakwa-Risk and Reward.

Wathi futhi ziningi izifundiswa kanye nongoti bezemfundo asebehlinzeke ngosizo ohlelweni

Iwezemfundo lonkana, ngaphandle kokubheka inkohkelo evela emnyangweni.

"Ezinye izikhungo ezifaka isandla yisi-Khuno iMazibuye kanye neSwarati, eziqhuba uhlelo lokungenelala lwezeziBalo seSayensi.

"Futhi njengamanje sesineNxusa LezeziBalo neSayensi elizomxenxa abatshalizimali abazimele ukuthi baxhase ngezimali izinhlelo zethu ukute sikwazi ukukhuphula izinga lokufunda nokufundisa kule mikhakha."

"Olunye ubambisano liphakathi kwethu nesikhungo i-Moses Kotane Institute, esihlinzeka ngosizo kothisha besifundo sezi-Balo, iSayensi, ubuChwepheshe kanye nobu-Njiniyela," kusho uNgqongqoshe Wesifundzwe uNkonyeni.

"Wengeza ngokuthi laba ngabantu abambalwa nje kubantu abanigi baseNingizimu Afrika abanohlonze abakhombisa ukuba netshisele enkulu yokubona umfundi ephumelela, okuyisenzo asishayela ihlombe kakhulu."

EZEMPILO

Asisekho isidingo sokuthi iziguli zime emgqeni

Noluthando Mkhize

Asisekho isidingo sokuthi iziguli ezidla amaphilisi okulawula izifo ezingalapheki zikhathazeke ngemali yokugibela noma ukuchitha usuku lonke zime emgqeni zilinde imithi yazo.

Uhelo LwesiKhungo Esisodwa Sokukhipha Nokusabalalisa Amaphilisi Okulawula Izifo Ezingalapheki, olulingwayo njengamanje ezikhungweni zoMshwalense Wezempiro Kazwelone, lwenza kube lula ukuthi iziguli zithole amaphilisi azo kwisizinda okulandwa kusona amaphilisi esiseduze namakhaya azo.

Iziguli ezidla amaphilisi, ezisenawo amandla okuzihambela manje sezingaya kolanda amaphilisi azo kwizizinda ezilingwayo kanye nakubahlinzeki bezinsizakalo zezempiro abazimele.

Lezi zizinda ezilingwayo zitholakala kulezi zifunda ezilandelayo: i-OR Tambo (eMpumalanga Kapa), i-Gert Sibande (eMpumalanga), iVhembe (eLimpopo), i-Pixley ka Seme (eNyakatho Kapa), i-Eden (eNtshonalanga Kapa), i-Dr Kenneth Kaunda (eNyakatho Ntshonalanga), iThabo Mofutsanyane (eFreyistata), iTshwane (eGauteng) kanjalo noMzinyathi, uMgungundlovu kanye neMajuba (KwaZulu-Natal).

Iziguli zingasebeniza esinye sezizinda ezizimile ezinesivumelwano sokusebenzisana nomnyango.

Amaphilisi athunyelwa nguMnyango Wezempiro kulezi zikhungo esehlanganisiwe ngendlela efanele futhi esefakwe ephake-theni elifanelekile, kanti umsebenzi walezi zikhungo ukuthi banikeze isiguli iphasela lelo nje kuphela emva kokuqinisekisa ukuthi ngempela umuntu ophambi kwabo yisiguli esithunyelele amaphilisi ngumnyango.

Iziguli kuyodingeka ukuthi zivakashele umtholampilo kanye emva kwezinyanga ezintathu ukuze ziyoxtlongwa ngabahlengikazi. UNggongqoshe Wezempiro u-Aaron Motsoaledi wathi lokhu kuzolekelela eku-nchiphensi isikhathi sokulinda emtholampilo.

"Sinxusa lezo ziguli ezisesimweni sempilo esizinzile, okungadingekile kakhulu ukuthi zibonane nodokotela noma umhlengikazi, kodwa okumele zivakashele emtholampilo nyangazonke ukuyolanda amaphilisi azo, ukuthi zibhalise esikhungweni okulandwa kusona amaphilisi, lapho zizokwazi ukulanda khona amaphilisi ngaphandle kokuthi zilinde noma zime emgqeni," kusho uNgqongqoshe uMotsoaledi ngenkathi ethula inkulomo yeVoti Lesabelomali somnyango wakhe esikhathini esifushane esedlule.

Asikho isidingo sokuthi lezo ziguli zime emngqeni ukuze zinikezwe ifayela lazo. Kumele nje baconde kwisizinda okulandwa kusona amaphilisi, baveze ikhadi (ebeli-hambisana nephasela abalithole ngenyanga edlule), noma baveze i-SMS, abayithunyelele ngumnyango ebazisa ukuthi sesifikile isikhathi sokuthi bazolanda amaphilisi abo.

Asisekho isidingo sokuthi iziguli zithathe ilivu zingayi emsebenzini. Zingaqoka isikhathi sokulanda amaphilisi esizilungele



UMnyango Wezempiro sewenze izinto zaba lula kwiziguli ezidla amaphilisi okulawula izifo ezingalapheki

njengoba iningi lezizinda okulandwa kuzona amaphilisi zizoqhubeka ukusebenza nasemva kwezikathu zamahora ajwayelekile omsebenzi.

"Njengamanje sineziguli eziyizi-383 989 ezibhaliswe ngaphansi kwalolu hlelo futhi sizibekile umkhawulo wokufinyelela kwiziguli eziyizi-500 000," kusho uNgqongqoshe.

Ngokusho koMnyango Wezempiro, imitholampilo esiqalile ukulinga lolu hlelo isinemigqa eyingcosana.

I-Dannhauser yakhelwe isikhungo sezempilo somphakathi sikanokusho

Thandeka Ngobese

Umtholampilo kanokusho o wakhewe ngemali engamarandi ayizigidi eziyi-166 e-Dannhauser, KwaZulu-Natali (e-KZN) sewulethe izinsizakalo zezempiro ebezedingeka kakhulu endaweni.

Esikhathini esifushane esedlule, uNdunankulu wase-KZN uSenzo Mchunu kanye noNgqongqoshe Wezempiro wase-KZN uSibongiseni Dhlomo bavule ngokusemthethweni Umtholampilo wase-Dannhauser onemibhede yeziguli engama-39.

Lesi sikhungo, esibungazwe wumphakathi ngesasasa elikhulu, sizohlinzeka usizo lwezempiro kubantu abayizi-103 389, futhi abangama-90% kulaba abanawo umshwalense wosizo lokwelashwa. Futhi sizosebenza njengesikhungo okudluliselwa kusona iziguli ezivela kwimitholampilo kamaspala eyi-10, kubandakanya le mitholampilo elandelayo: Thandanani, Nellies, Durnacol kanye neSu-kumani.

Asisekho isidingo sokuthi abahlali base-Dannhauser bahambe ibanga elingamakhilomitha angama-30 beyofuna usizo lwezempiro esibhedlela sase-Newcastle noma ibanga elingamakhilomitha angama-40 beya esibhedlela saseMadadeni.

Ilungu lomphakathi u-Philemon Mofo-keng wathi bekudingeka ukuthi akhokhe imali engamarandi angama-90 uma evakashela esibhedlela sase-Newcastle kepha manje useyawazi ukuvakashela emtholampilo futhi

asheshe abuye, ngemadlana engamarandi ayisithupa nje kuphela.

"Lesi sikhungo esisakhelwe nguhulumeni wethu, sizoba wusizo kakhulu kithina futhi sibonga siyanconcoza ngalokhu," kusho yena.

Lesi sikhungo sihlinzeka ngezinsizakalo ezifana nalezo ezihihlinzeka esibhedlela sesifunda, kubandakanya amagumbi okubonana nodokotela, ukulawulwa kwesifo sofuba (i-TB), usizo oluphatelene namazinyo, ama-eksireyi, ukunakekelwa kwabesifazane abakhulelw, ikhemisi, isizinda sezinsizakalo zosizo oluphuthumayo, indawo yokugcina izidumbu kanye nendawo yokufihla ikhanda yabahlengikazi enamakamelokulala kuwona umuntu ngamunye.

Lesi sikhungo sezempilo somphakathi esihlabu umxhwele sibafanele ngempela abantu asebethole inkululeko emva kwengcindezelu futhi asebenikezwe isithunzi nokuhlonishwa ababengakutholi phambilini," kusho uNdunankulu uMchunu.

Wengeza ngokuthi ukwakhiwa kwalesi sikhungo kunezezela phezu komsebenzi omuhle awubone ngenkathi evakashela umtholampilo omusha okhulisiwe Wokwelulekwa Nogkwengqondo Nokuhlolewa Isandelule-langculazi Ngokuthanda Kwakho esibhedlela sase-Newcastle.

Unompilo uSibongile Msimango wathi bathokoze kakhulu ngealesi sikhungo endaweni yabo: "Iziguli bekudingeka ukuthi zihambe amabanga amade uma zivakashela esibhedlela saseMadadeni futhi baningi abantu bethu abebuyela emuva bengalutholanga usizo ngenxa yokugcwala kwesibhedlela," kusho yena.

Lesi sikhungo saqala ukusebenza ngenkathi sisseyigunjana elincane eduze koPhiko Lokwelapha Izingane Bese Ziyakhululwa Ziyolulamela Emakhaya futhi besilawulwa ngabahlengikazi ababili kanye nabeluleki be-HIV ababili. Ngenxa yokukhula kwesibalo sabantu abahlolela i-HIV kanye nalabo abadinga ukunakekelwa kwezempiro kwathuyelwa izisebenzi ezengeziwe, okuyinto eya-

Okumele ukwazi mayelana nesifo sokulunywa yisisu ngokuqhubekeyo

gama elithi *gastritis* lichaza iqoqwana lezifo ezinophawu olulodwa olufanayo: ukuvuvukala konqenqema Iwesisu. I-gastritis yenzeka uma uketshezi olugaya ukudla esiswini sakho lubangela ukuvuvuka nokulimala konqenqema Iwesisu. I-gastritis exinayo ihambisana nokuvuvuka okuthatha isikhathi eside futhi lokhu kungaqhubekeya iminyaka ngeminyaka uma ogulayo engakutholi ukwelashwa.

Esikhathini esiningi lesi sifo sihambi-sana nezilonda eziqbuka ngaphakathi esiswini futhi lokhu kukhuphula nobungozi bokuhlaselwa wumdlavuza wesisu.

Izimpawu zalesi sifo zibandakanya izinhlungu esiswini, ukuqunzelwa, isicanucanu, isilunglela, ukungakuthandi ukudla kanye nokuzizwa sengathi usuthi ngokweqile (noma isisu esiqumble) emva kokudla.

Kumele ubonane nodokotela ngokushesha uma indle yakho imnya-ma, uhlanza igazi noma uphet-hwe yizinhlungu ezingapheli esiswini, njengoba lokhu kungenzeka kube wuphawu lokopha ngaphakathi esiswini.

IZIMBANGELA ZE-GASTRITIS

I-gastritis kungenzeka ibangelwe yilokhu okulandelayo:

- Ukungenwa ngamagiwi.
- Ukuphuza utshwala ngokweqile.
- Ukusebenzisa izidakamizwa ezithengiswa emgwaqeni, njengekhokheyini.
- Ukusebenzisa kakhulu imithi ethile, njenge-aspirin noma i-ipuprof - esikhundleni salokhu kungcono usebenzise i-paracetamol uma ufuna ukudambisa izinhlungu noma nengcindezi yomphefumulo.
- Ingcindezi yomphefumulo enamanda.

Uma upethwe yilesi sifo kumele ushi-ntshe ukudla okudlayo futhi ugweme ukudla okuthile, njengezithelo neziphuze ezsawolintshi (izithelo ezsawolintshi yilezi ezilandelayo: amawolintshi, ulamula kanye ne-grapefruit), ukudla okuthosiwe, ikhofi, ugologo, ukudla okunopelepele nezinongo ezinamandla kanye nonemenayithi.

Ukudla okudlayo kumele kubandakanye imikhqiziso yobisi enamafutha amancane, inyama engenamafutha, ukudla okusanhlamu, izithelo kanye nemifino (hhayi izithelo ezsawolintshi).

Kungenzeka kukusize ukudla lokhu kudla okubhalwe ngenhla, kodwa-ke kumele ukhumbule ukuthi ukudla okuhluhaklukene kungenzeka kubange izinkinga kubantu abehluhaklukene. Indlela okuyiyona yodwa engakusiza ukuthi uthole ukuthi yikuphi ukudla okukuphatha kabi esiswini ukuthi ukhiphe uhlubo ngalunye ekudleni okudlayo.

BONANA NODOKOTELA

Uma ushintsha ukudla okudlayo kodwa ungawuboni umehluko, lokho kusho ukuthi kungaba ngcono ufonole udukotela wakho, ubeke usuku ozomvakashela ngalo. Ngenkathi ufonela udukotela kumele umbuze ukuthi kukhona yini okumele ukwenze noma ungakwenzi ngaphambi kokubonana naye.

Bhala phansi zonke izimpawu ezikuphethe kanye nosuku nesikhathi ezikuphathe ngaso. Kumele futhi wenze noluhla lwemithi noma amaphilisi ayizakhamzimba owadlayo.

UKWELULEKWA NGOKWE-NGQONDO KANYE NOKUHLOLEWA I-HIV (I-HCT)

Uma uhamba uyokwenza i-HCT uzothola lolu sizo olulandelayo:

- uzothola ukwelulekwa ngokwengqondo, futhi uhlizenzwe ngolwazi olu-phathelene ne-HIV kanye ne-AIDS, izifo ezithathelwana ngokozocansi (i-STI) kanye ne-TB
- uzokhuthazwa ukuthi ulandele indlela yokuphila enakekela umzimba wakho ukuze ugweme ukuhlaselwa ngezinye izifo ezingathathelwana
- uzhlolelwa i-HIV ne-TB futhi uxilongwe ukuthi awunazo yini ezinye izifo ezingathathelwana
- uzfundiswa ukuthi ungakuvimbela kanjani ukufa ngenxa ye-HIV ne-AIDS kanye ne-TB
- uzelekelelwa ukuthi ukwazi ukuvimbela ukusuleleka okusha nge-AIDS ne-TB
- uzelekelelwa ukuthi ukwazi ukujeda nokuvimbela ukucwaswa kwabantu abane-HIV ne-AIDS kanye ne-TB.

(Umthombo: <http://www.gov.za/about-government/government-programmes/hiv-counseling-and-testing-hct-campaign>)